


Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 10 May 2017
Page: 21

AVE: 33101.02
Circulation: 90724
Part: 1 of 1




# Usuthu lusenethemba ngama-Play Off

**MINENHLE MKHIZE**

ABAZIMISELE ngokuphoxa izinkumbi zabathandi bebhola KwaZulu-Natal abadlali baMaZulu abasenethemba elikhulu lokuzibekisela indawo kuma-Play Off yize kungasekho ezandleni zabo.

Lokhu kuvezwe nguMbongeni "Shoes" Gumede izolo ekuseni eKing Zwelithini Stadium, eMlazi.

Namuhla ngo-3 ntambama Usuthu luzodudulana neJomo Cosmos eKing Zwelithini emdlalweni omqoka weNational First Division (NFD).

Usuthu luhlezi endaweni yesihlanu ku-log ngamaphuzu awu-44 emidlalweni ewu-28 yeligi. Amaqembu azodlala kuma-Play Off yilawo azoqeda endaweni yesibili neyesithathu kuNFD, bese kuthi elesithathu kube ngeliqede endaweni ka-15 ku-log ye-Absa Premiership.



MBONGENI GUMEDE

"Imidlalo emibili esele imqoka kakhulu kithina. Kumele siyinqobe yomibili. Asikwazi ukulahla ithemba sibe sisenalo ithuba lokungena kuma-Play Off. Inhloso yethu wukuqeda isizini namaphuzu awu-50 bese sibona ukuthi kuzokwenzekani ngemuva kwalokho. Ithemba likhulu kakhulu. IsiZulu sithi ithemba kalibulali. Asizimisele ngokuphoxa abantu baseKZN. Okwenziwe yiThanda kusikhuthazile futhi nathi sifuna ukwandisa isibalo samaqembu akulesi sifundazwe esigabeni esikhulu. IThanda siyayibongela ngokungena esigabeni esikhulu," kusho uGumede.

Namuhla ngo-3 ntambama iLeopards, ehlezi endaweni yesibili, izoshukana ne-University of Pretoria eTuks Stadium, ePitoli, bese kuthi iStellenbosch ibhuquzisane neMilano United FC eParow Park ngesikhathi esifanayo.

I-Eagles, nayo esethubeni lokungena kuma-Play Off, izodlala neMbombela United FC eSugar Ray Xulu Stadium, eClermont, ngo-3 ntambama bese kuthi iWitbank Spurs ishukane neSantos e-Athlone Stadium, eKapa.

"Ukulahla umgqigqo phakathi nesizini yikona okusibulele futhi okwenze saba kulesi simo. Nokho ngeke sibhekise amakhanda phansi. Sifuna ukwenza konke okusemandleni ethu ukunqoba imidlalo esele," kusho uGumede.

Kowokugcina Usuthu luzodlala neFC Cape Town e-NNK Stadium, eKapa, ngo-3 ntambama. ILeopards izovala noMthatha Bucks eThohoyandou Stadium, eLimpopo ngeSonto ngo-3 ntambama bese kuthi iStellenbosch ishukane neSantos e-Athlone Stadium, eKapa ngo ngo-3 ntambama.

I-Eagles izovala neWitbank Spurs ePuma Rugby Stadium, eMpumalanga, ngosuku olufanayo neminye imidlalo.

"Amaqembu avika izembe asikazihluphi ngokuwabuka. Njengamanje sinomsebenzi wokufaka iqembu kuma-Play Off bese siyaqala siyacabanga ngamaqembu esingase sidlale nawo," kusho uGumede.

**Imidlalo yeNFD:**
**Namuhla ngo-3 ntambama:** University of Pretoria v Black Leopards (Tuks Stadium); Santos v Witbank Spurs (Athlone Stadium); AmaZulu v Jomo Cosmos (King Zwelithini Stadium); Thanda Royal Zulu FC v FC Cape Town (Umhlathuze Sports Complex); Milano United AFC v Stellenbosch FC (Parow Park); Royal Eagles v Mbombela United (Sugar Ray Xulu Stadium); Magesi FC v Real Kings FC (Old Peter Mokaba Stadium); Mthatha Bucks v Cape Town All Stars (Mthatha Stadium)


This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.